# Hillcrest High School

IBANGA LESI-8

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

IPHEPHA LESIBILI (P2)

MEYI /JUNI 2019

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:
   ISIQEPHU A: UMDLALO (Phendula YONKE imibuzo lapha)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo) Phendula umbuzo OWODWA
   ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo) Phendula umbuzo OWODWA
2. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
3. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
4. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
   ISIQEPHU A Amaminithi angama-50
   ISIQEPHU B Amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C Amaminithi angama-30
5. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
6. Nikeza impendulo ngasiye isihloko esifanele.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: UMDLALO

## ABABULALI BENYATHI BALALA… RN MNGADI

UMBUZO 1

1. Khetha abadlali ABATHATHU kwabalandelayo ubhale amaphuzu amahlanu umchaza:

   1.1 uMaNgema

   1.2 uShandu

   1.3 uMashezi

   1.4 uDlamini

   1.5 uMbandlwa (15)

2. Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

   ISIQESHANA A

**(NgeSonto emini. UDuma uhleli noMbandlwa ubhandishile ekhanda)**

**Mbandlwa:** *(ulokhu ecwayiza njengomuntu obuye ezwe izinhlungu ekhanda)* Sangishaya isilima weDuma. Cishe lo muntu udla izihlungu ngoba ngiphethwe nayikhanda elibi.

**Duma:** Kambe wena uzikhothile nje izihlungu?

**Mbandlwa:** Bengingayeka yini? Angifuni ukusanganelwa yikhanda mina. Cishe lobu buhlungu budalwa yimpi yezinhlungu. Ngenhlanhla yami alichachambanga ithambo logebhezi. Okwakobani ukuconselwa yigazi ebuchosheni.

**Duma:** Hhayi! Kungcono ngoba ukushaye ngenduku nje, ukube bekuyiwisa ngabe asixoxi kanjena. Uyazi wenze kahle wawumangalela lo doti. Kumanje uthothoza esitokisini. Sengathi nemantshi ingamnqabela ukuthola ibheyili khona bezobona nalaba abanye abacabanga

njengayo indunyana le ukuthi akudlalelwa lapha kithi.

**Mbandlwa:** *(akhombe uDuma)* Nawe Duma kufanele uyobika eMnyangweni wezamaKhosi eMgungundlovu. Phela bekufanele azi umxhumanisi kulowo mnyango. Ngaleyo ndlela-ke udaba seluyodlulela nakuNgqongqoshe. Le nkosi kudingeka ithole izeluleko kungakonakali nje.

2.1 Unasiphi isikhundla lo Mbandlwa okhuluma lapha? (1)

2.2 Ubani isibongo somuntu owashaya uMbandlwa? (1)

2.3 Aze ashaywe uMbandlwa wayekade enzeni? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.4 Yini eyayizokwenzeka kuMbandlwa ukuba igazi laconsela ebuchosheni? (1)

2.5 Ukuphi uDlamini njengoba bekhuluma ngaye kulesi siqeshana? (1)

2.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Uzikhothile **izihlungu** kusho ukuthi..

A amaphilisi

B igazi

C umuthi

D ikhanda (2)

2.7 UDuma kufanele ayobikela bani ngalolu daba? (1)

2.8 UDlamini wagcina ephume ngebheyili yamalini? (2)

2.9 Ubani igama likammeli wenkosi owakhipha uDlamini esitokisini? (1)

2.10 Obani amagama amabili amadoda athunywa uShandu aye kogada kwaDlamini? (2)

2.11 UDlamini wathini ngesikhathi ephika icala lokushaya uMbandlwa? (2)

2.12 Ngokucabanga kwakho iyiphi enye indlela uDlamini ayengamisa ngayo lo mhlangano? Chaza. (2)

2.13 ODuma babewubize ngokusebenzisani lo mhlangano wokuqala? (1)

2.14 Bhala umehluko endleleni ekwabekwa ngayo uDuma noShandu ezikhundleni zabo. (4)

2.15 Umbhali walo mdlalo uphumelele ukubhala isingeniso esihle. Fakazela lokhu ngesikuthola kwenzeka ekuqaleni kwendaba? (2)

2.16 Qondanisa lokhu okukukholomu A nokukholomu B

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 2.16.1 UDlamini | A Wanqabela ukuba inkosikazi isebenze. |
| 2.16.2 UShandu | B Wayezibona esefana neNdlovukazi. |
| 2.16.3 UMaShezi | C Wayehlala nomama wakhe. |
| 2.16.4 UMbandlwa | D Waboshelwa icala lokushaya. |
| 2.16.5 UMaNgema | E Wayefundele ukuba uthisha. |

(1)X5

2.17 Gcwalisa le misho elandelayo ngegama/ngamagama afanele.

2.17.1 UDuma wayefunda esikoleni _______. (1)

2.17.2 Izinto ezintathu ezaziyintuthuko ezazizolethelwa umphakathi _______, _________, _________. (3)

2.17.3 Umhlangano wentuthuko wawubanjelwe esikoleni _________. (1)

2.17.4 Igama likaDuma oyikhansela u______. (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

Fundisisa lezi zihloko ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso amagama angama-80 kuya kwayi-100.

INCWADI YOBUNGANI

3.1 Umngani wakho ebenifunda naye esikoleni samabanga aphasi umbone kumabonakude enza lokhu ayekade ekufisa ukumela isifundazwe saKwaZulu Natali kwezemidlalo. Mbhalele incwadi umhalalisele/umbongele ngempumelelo yakhe. (30)

INCWADI YOBUNGANI

3.2 Ubaba wakho ongahlali naye akabathokozile ngemiphumela yakho yokuphela kwethemu yokuqala. Ubona sengathi udlala ngemali yakhe la kuwe. Mbhalele incwadi umchazele ngezinkinga obhekene nazo kulesi sikole esisha. (30)

INGXOXO/INKULUMOMPENDULWANO

3.3 Ikilasi lenu aliziphathanga kahle ngesikhathi sesifundo sesiNgisi. Uthisha uvele wanihlalisa nonke ekilasini sekuphume isikole. Umama obekulandile kumcasulile ukumlindisa emotweni. Bhala ingxoxo phakathi kwakho nomama. (30)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANA EDLULISA IMIYALEZO

## UMBUZO 4

### ISIKHANGISO

4.1 Uthisha wenu wesiZulu uhlela umcimbi wokuveza amakhono kubafundi bebanga lesi-8 kuya kwelesi-9. Umcimbi uzobe uhlola amakhono ezinto zesintu njengokusina, ukucula nokuhaya izinkondlo. Bhala isikhangiso salo mcimbi. (20)

### IPHOSIKHADI

4.2 Bewuhlele ukuvakashela umalume wakho eNew York. Ube nezinkinga ezivimba lolu hambo lwakho nosekwenze waluhlehlisa. Bhalela umalume wakho iphosikhadi umazise ngalokhu. (20)

### IDAYARI

4.3 Uhlela ukuvakashela edolobheni elithile eNingizimu Afrika. Abazali bakho bakuvumele uhlele leli holide lezinsuku ezinhlanu. Bhala idayari echaza ukuthi uzobe wenzani izinsuku ezinhlanu. (20)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**

**AMAMAKI ESEWONKE: 100**